HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2017

IBANGA LESHUMI (GRADE10)

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (PAPER2)

ISIKHATHI: 2hr. AMAMAKI: 70

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- UNGAYIXOVI imibuzo, yilandelise njengoba kwenziwe ephepheni lemibizo.
- Hlela isikhathi sakho kahle ukuze uphendule kahle yonke imibuzo.
- Funda LONKE iphepha uma uqeda ukubhala.

OKUMHLOPHE KODWA !!!!!

*ISIQEPHU A: INOVELI*

*UMBUZO 1: UTHANDO LUNGUMANQOBA -M. Shange*

*Funda iziqeshana ezingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho EPHELELE.*

Alingene emlonyeni lingasaqedanga iphoyisa.

"Ngiphuthume ndoda kwenzekeni kumnta kababa nosibali?" kubuza uChris esevevezela wuvalo. "Mfowethu, kutholakale izidumbu zabantu ababili bedutshuliwe laphayana ngaseCato Ridge ehlokozaneni elingakwaShange emabhasini."

"Hhayi bo, yini lena oyishoyo phoyisa? Ingabe usibali nengane yakwethu ba...." kubuza uChris kuqhaqhazela iphimbo.

"Impela ndoda yamadoda. Sithole umazisi kadadewenu kanye nelayisense yokushayela yomyeni wakhe buqamamana nezidumbu zabo nokuyikona okwenze sanolwazi ukuthi bangobani, bakuphi," kuqhuba lona njalo iphoyisa "Sicela uma ungakwazi, uhambe nathi uye koqinisekisa ukuthi izidumbu zabo ngempela yini lezi ezitholakele." "Kulungile sayitsheni ngisayotshela umkami nomshana ukuthi ngisahamba."

Aphume uChris eseya ekamelweni lapho behleli khona oPhindile noMaXaba, uhamba nje izinyawo zakhe akazizwa ungathi ubanjwe inkwantshu, ucabanga ukuthi uzoyitshela kanjani le ngane ngale nhlekelele. Usefisa nokuba indlela eya ekamelweni ibe yinde yikhona ezothola isikhathi sokucabanga. Angene ekamelweni athole umkakhe egone uPhindile owayesekhala ngendlela exakayo ubona nje ukuthi akukho okwakungenziwa ukuze athule. "Uzwe konke Chris uPhindile, hamba namaphoyisa wena ngizosalá ngimthulisa umntwana." Aphume uChris engathanga vu, bangene emotweni yamaphoyisa baye khona emakhazeni.

| | | |
|---|---|---|
| *1.1* | *Ubani lo ongena iphoyisa emlonyeni?* | *[1]* |
| *1.2* | *Kukuphi khona la kukhulunywa khona nephoyisa?* | *[2]* |
| *1.3* | *Lizokwenzani iphoyisa kule ndawo okukhulunywa khona nalo?* | *[2]* |
| *1.4* | *Ngokwesiqephu oqeda ukusifunda, ezikabani* | |

*LAPHO KUKHONA UTHANDO*

Bakhulume amagama akhuthazayo okuthi kuzolunga konke, useyalulama. Umhlengikazi usemhlolahlola wonke umzimba. IsiZulu sabo nokho asiqondile kahle. Esikamama singcono kunesomhlengikazi. Esenelisiwe umhlengikazi, anikeze iziyalo azoqhubeka ngazo ngokunakekela uSebenzile, abesebashiya njalo.

"Ngifike kanjani lapha?"

Ngesikhathi echaza umama ukuthi wamthola elele sakufa ekhafulwe umfula, kwaya kuntwela ezansi kuSebenzile.

"Abanye esasinabo benzenjani? UWanda yena unjani?"

"Ha! Uzojabula ukuzwa ukuthi umuntu ombuzile kube nguyena. Hawu, yaba yinhle le ndaba!" asho lo mama ngenjabulo emangalisayo. Amtshele ngamafushane ukuthi uyaphila uWanda.

"Pho wena ntombi yami ungubani?"

"NginguSebenzile Mthethwa."

"Yebo kunjalo ngempela. Ngakuthwala maqede ngakusa esibhedlela. Ngoba wawuqulekile, nezimpahla zakho zimuke namanzi, wawungaziwa. UWanda wakufuna waze wakuthola."

Ngokubuya kwengqondo, kwaya kubuya konke, kancane kancane. UWanda kodwa ngabe uyini ngaphandle kwakhe? Izimpahla zakhe zemuka, uthi pho usayosibona isithandwa sakhe? Kufike umunyu, aqhumuke, akhihle isililo. Lo mama amnikeze imithi, amduduze, amtshele ukuthi akabonge nje ngoba uNkulunkulu uye owamhlenga.

Waya elulama-ke ngokuqhubeka kwezinsuku. Nezilokotho zikaWanda zazingena zingenile.

Kuthe ngemuva kwezinsuku ezine, wabe esekwazi nokuhamba. NgoLwesihlanu umama wathi abalungise, ngoba uzosiwa ezindlini zikaHulumeni, ukuze kulungiswe izincwadi zakhe. "Nazi izingubo ozozigqoka."

*2.11 Kukuphi nendawo lapho kukhulunywa khona amagama okukhuthaza? (1)*

*2.12 Ubani yena lo okhuthazwayo lapha? (1)*

*2.13 Yini eyenza uhlolwe wonke umzimba kaSebenzile? (1)*

*2.14 Usuke ekhaya eyaphi uSebenzile njengoba elapha nje?*

*2.15 Wasuka ekhaya ezweni lakubo ehamba ngani uSebenzile?* (2)

*2.16 Njengoba elapha nje uSebenzile zintathu izinto zokuhamba asehambe ngazo kusuka lapho eyesuka khona. VUMA noma UPHIKE bese usekela impendulo yakho.* (3)

*2.17 Lo muntu aya kuye uSebenzile watholana kanjani naye?* (2)

*2.18 Sikuthola kanjani ukuthi lo Wanda abehambisana naye esitimeleni uSebenzile umuntu ofanayo no-Ben? Bhala amaphuzu AMABILI.* (2)

*2.19 Umlobi usebenzise luphi uhlobo lwesiphetho kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngokuveza ubufakazi ngamaphuzu AMABILI alokho okushilo.* (3)

*2.20 Le ndaba yini ekufundise yona? Bhala amaphuzu AMABILI.* (2)

[18]

17+18=35

ISAMBA 35+35=70

1.3 *Lizokwenzani iphoyisa kule ndawo okukhulunywa khona nalo?* [2]

1.4 *Ngokwesiqephu oqeda ukusifunda, ezikabani izidumbu ezitholakele.* [2]

1.5 *Uma ucabanga yini eyenza umalume u-Chris athi kungabe ezikadadewabo nosibali wakhe yini izidumbu?* [2]

1.6 *Khetha impendulo eyodwa efanele kwezilandelayo:*

1.6.1 *Isimo senkulumo esithi, Aphume u-Chris* **engathi vu**, *bangene emotweni yamaphoyisa baye khona emakhazeni, sichaza ukuthi..*

(i) *ukuphuma ngejubane.*

(ii). *ukuvalelisa*

(iii) *ukuthula ungasho lutho.* [1]

1.7 *Bhala uchaze ukuthi kusho ukuthini ukuthi,* **buqamamana nezidumbu** *ngesiZulu osijwayele.* [2]

1.8 *Bhala amaphuzu AMABILI uveze ukuthi yashintsha kanjani impilo kaPhindile kusukela ngalolu suku.* [2]

1.9 *Lolu suku okwenzeka ngalo le nkinga lwalubaluleke ngani emndenini kaPhindile nabazali bakhe?* [2]

1.10 *Umbono othi, ungamethembi umuntu*

"Uvuke ngempela *baby* ngoba ngizolala ngingalele lapha."

"Ngiyethembisa MaMthethwa wami." Aluvale ucingo noThulani esephatheke kabi kade enganakile ukuthi naye uyamkhumbula uPhindile. Hhayi noma kunjalo akahlale ekhaya uzomlanda ekuseni nabazali bakhe sebeke bafika balikhotha ilobolo.

"Kangibekezele sekuzolunga. Sizondiza isikhathi lufike usuku lomshado esengilubheke ngabomvu."

Nebala sindize isikhathi, aqale ukubhala kwango-Okthoba uPhindile, ebhala nje ezimisele ngoba phela uThulani uthe nje kumele aphase noma kanjani kanti futhi naye nje akazimisele nakancane ukuphoxa isithandwa sakhe ngokungaphumeleli. Uwazi kahle onke amaphupho kaThulani nezinto afuna ukumenzela zona uma esephothule ibanga leshumi. Naye nje uPhindile ngokwakhe kuningi afuna ukukwenza ukuze akhombise bonke ebebembukela phansi ukuthi akayizona lezi zibi ezifanele ukulahlwa ebebecabanga ukuthi uyizona.

Ubhala ukuhlolwa nje uPhindile konke okuhlangene nelobolo sekuqediwe sekusele usuku lomshado kuphela. Nombondo lo akade ewuhambisile kula masonto amathathu aphelile waba yimpumelelo enkulu nanxa wawumkhathaze kakhulu. Namanje usazibuza nje ukuthi kazi izimpahla ezingaka wayezozithwaliswa ngubani ukuba wayengekho u-anti wakhe uMaXaba nezingane zesonto lakhe. Nomndeni wakhe wakuStanger Street bandla wawufikile uzombungaza nanxa uBuyi wawumbona nje ukuthi wayenganeme kahle kodwa uPhindile wayejabulela ukuthi oMumsy noS'ma babejabule ngempela.

1.11 *Ubani lo okuthiwa avuke ngempela?* (1)

1.12 *Uzovuka nje uzobe eyaphi uPhindile?* (1)

1.13 *Kade eyokwenzani lapho eyolandwa khona uPhindile?* (2)

1.14 *Yini okumele ayibekezelele uThulani?* (1)

1.15 *Ubehleli nobani uPhindile lapho ezolandwa khona?* (2)

1.16 *Ubhalani uPhindile?* (1)

1.17 *Bhala uchaze ngamaphuzu AMABILI ukuthi umbhali umveze njengomuntu onjani uPhindile?* (2)

1.18 *Umbhali uqonde ukusinika siphi isifundo ngempilo kaPhindile? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI.* (3)

1.19 *Uma ulandela impilo kaPhindile, ikuphi OKUBILI okunzima adlule kukho obekungathi kuzomcindezela angaphindi abenempilo enhle kodwa wakunqoba? Bhala AMAPHUZU acacile.* (2)

1.20 *Bhala izinto EZIMBILI esizibone zenzeka ezisikhombisayo ukuthi indaba beyenzeka ngesikhathi samanje hhayi endulo.* (2)

[17]

18+17= 35

*ISIQEPHU B IZINDABA EZIMFUSHANE*

*UMBUZO 2 IZINYEMBEZI ZOTHANDO -D.B.Z. Ntuli*

*NOMA NINI*

Ekhaya lapha nobaba uSithole usefikile. Phela njengoba iphalamende lisazovalwa isithutshana nje, nabo basathola ikhefana. Nanxa kumnandi impela nje, kukhona abantu ababili okusengathi banomzwangedwa. Labo phela uMaShandu nephupho lakhe, noDelisiwe obonakala sengathi akamnandi kahle. Kodwa ngoba akabike mkhuhlane, indaba iyoba phakathi kwabo noMphiwa.

Kuthe lapho sekudliwe isidlo sakusihlwa, uMphiwa wabika indledlana ephuthumayo, ezodinga athi shelele. "Mphiwa, ndlelani lena ekudinga lapho liyoshona? Anikhathali yini? Angithi ububambe isitelingi, kuphi lena eGoli lapho nivela khona?" kubuza uyise. Engakaphenduli uMphiwa, noma ubani uyifunda ivaliwe ebusweni bukaMphiwa ukuthi kukhona okumshalazisayo.

Kanti noDeliwe ungathi ugane unwabu. "Mphiwa uyihlo ubuzile," kuxhuma uMaShandu.

"Chabo, Mama, ngizwile, bengisazophendula. Baba, nokho angikhathele kangako. Ngi-... nginomyalezo womngani wami uZazi lapha eMbilo. Ngizothi qu nje, ngisheshe ngiphenduke."

UDelisiwe acele oxolo, athi usayolungisela abantwana egumbini labo lokulala. Athathe lelo thuba uMphiwa ayophuma ngasekhishini, kuzwakale ngemoto isuka ngesivinini. "Ngiwafunge amaJobe, kukhona okunuka santungwana phakathi kwalaba bantwana. Ungalali ungahoshanga umoya kumakoti, wena kaNdaba. UMphiwa ngizobonana naye kusasa mina," kusho uSithole.

Emuva kwethutshana aphendule uMaShandu athi, "Yebo Baba."

"Hawu, yini sengathi nawe awumnandi nje? Kwenzenjani?"

"Cha, Baba, ngabe ngiphilile ukuba angihlushwa yileli phupho eselingibelesele ubusuku obuthathu obulakanyene."

2.1 *Yini okumele ayizwisise uSizani?* (1)

2.2 *Bakuphi oSizani no-Apple Face manje?* (2)

2.3 *Ubezokwenzani u-Apple Face kule ndawo akuyona?* (2)